education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2010

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 80

Leli rubhriki linamakhasi ayi-12.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

UMBUZO 1: ISIGQEBHEZANA C.G. Zulu-Kabanyane (Umbuzo omude)

Inkondlo yakhiwe izitanza ezi-4. Isitanza sokuqala sakhiwe imigqa emine. Isitanza sesibili nesesithathu zinemigqa emi-5. Isitanza sesine sakhiwe imigqa eyi-12.

Isitanza sokuqala
Imbongi iyamangala imangaliswa yilesi sigqebhezana esibukwayo. Iyakhuluma ngenhliziyo, iyacabanga ngengqondo.

Isitanza sesibili
Ukugqokwa kwesigqebhezana ezindaweni ezingafanele (emingcwabeni)

Isitanza sesithathu
Isigqebhezana siveza umzimba. (amathanga)

Isitanza sesine
- Ukuziphatha kwabantu abagqoka izigqebhezana.
- Ukubukwa.
- Ukukloloda (Zulu ngibukeni)
- Abananembeza.
- Ukudelela

Isakhiwo semigqa
- Imigqa mifishane.
- Imigqa ayinazo izimpawu ekugcineni kodwa:
  - ✓ Umugqa yokugcina yesitanza ngasinye inalo uphawu.
  - ✓ Izimpawu ezisekugcineni emigqeni yokugcina azifani. **[10]**

NOMA

UMBUZO 2: UMLUNGISI UZITHELA ISISILA – J.J. Thwala (Umbuzo omude)

Inkondlo ihlukene kathathu.
- Isimo somuntu okukhulunywa ngaye 1-8.
- Umsebenzi womlandi / wembongi 9-12.
- Ubudlelwane bembongi nomuntu okukhulunywa ngaye 13-14.

Nanka amagama ahambisana nomqondo **wemigqa 1-8**.
- Gcwele amathafa.
- Isiphanzi somhambuma.
- Amalalabaleni namalandle.
- Kuyinto eyodwa 5-8.

Stanza 9-12 – usizo lwembongi
- Ukuhlahlela
- Ukuthukulula
- Ukuvula izicabha
- ukusombulula

Stanza 13-14 – ubudlelwane

- ukuba yingangangakazana
- umlungisi uzithela isisila. **[10]**

NOMA

UMBUZO 3: GCIWANENDINI – N kheswa (Umbuzo omfushane)

3.1 Ekugcineni. (1)

3.2 "Inyanga" eyamelapha. (2)

3.3
- ukuphuza imishanguzo ngendlela efanele.
- Ucansi oluvikelekile / ukungayi ocansini.
- Ukungayi ocansini. (2)

3.4 Kugcizelela ukungabi nazwelo kwegciwane libulala izintombi nezinsizwa. (2)

3.5 Umoya wokukloloda / wokudaza inkani ukuthi igciwane ngeke lenze umathanda kuyena. (3)
[10]

NOMA

UMBUZO 4: MBONISE BABA – K.A. Mkhize (Umbuzo omfushane)

4.1
- Ukuphuma ekoneni.
- Ukuba nempumelelo.
- Ukudumisa imihla yonke. (Nika okubili kwalokhu) (2)

4.2 Ukuziba. (2)

4.3 Lisho umcimbi omkhulu wokuzijabulisa. (2)

4.4
- Ukuhamba amaphathi.
- Ukushela amantombazane ngenkani.
- Ukudakwa ungazazi. (nokunye) (Nika okubili kwalokhu) (2)

4.5 Thushu! – ukuqhamuka kwemoto engayiboni ngenxa yokudakwa.
Phafu! – iphunga eliphuma emlonyeni okungenzeka ukuthi elogwayi noma elotshwala. (2)
[10]

KANYE

UMBUZO 5: KUHLE KWETHU! – D Ntuli (Umbuzo omude)

Ohlolwayo angaveza lokhu:

- UMzansi omusha (umlando weNingizimu afrika kafushane)
- Avulekile amasango (ukuvuleka kwemisebenzi.)
- Amathuba (ukuphindaphindwa kwegama.)
- Uhlobo lwabantu abathintekayo (izithulu, abangaboni, abahlukunyezwayo)
- Makuvele ukuthi bathinteka kanjani
- Ukubuyiswa kwezwe lokhokho. (nokunye) **[10]**

NOMA

UMBUZO 6: Kuhle Kwethu! – D Ntuli (Umbuzo omfushane)

6.1 INingizimu Afrika (1)

6.2 Izithulu – izinkubela – abangaboni nabangafundile (Okubili kwalokhu) (2)

6.3 Kugcizelela ukuvuleleka kwemisebenzi. (2)

6.4 Amathuba ezemisebenzi asevuleleke kunoma ngubani/
Akusekho ukucwasa ngokomsebenzi, ngokwebala, ngokolimi nangokwesimo somuntu. (2)

6.5 Umoya wenjabulo aveza ukujabulela inguquko elethwe ukukhululeka koMzansi. (3)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A : 30

ISIQEPHU B: AMANOVELI

UMBUZO 7: Bengithi Lizokuna - NG Sibiya (Umbuzo omude)

Umlandi wethula inoveli ngendlela engajwayelekile.

Isingeniso
Esingenisweni sethulelwa umlingiswa osemqoka onguMhlengi, isizinda kanye nesisusa sodweshu.
Lapha sethulelwa uMhlengi osethathe isinqumo sokuziguqula abe umuntu wesifazane. Le ndaba yenzeka eThekwini ngesikhathi samanje lapho abantu benelungelo lokwenza abakufisayo. Udweshu lususwa uMhlengi utshela uNontobeko ukuthi abahlukane, utshele uyise ukuthi useyi"gay". Uya eKapa uyoziguqula, uhlala khona unyaka wonke, ushintsha neposi, usenguMahlengi Ngidi. Ubuyela eThekwini uzoqala ibhizinisi lokuthuthukisa abantu besifazane.

Umzimba:
Indaba uyakhuphuka ikhushulwa izehlakalo ize ifike kuvuthondaba.

- uMahlengi uthandana noXolani
- uMahlengi uthandana noNdumiso.
- Ukuxabana kuka Ndumiso no Xolani.
- uNtobeko uthandana no Nonkululeko uyabaleka ngosuku olwandulela elomshado.
- uNdumiso uya eGcilime uyontshontsha imali kaNgidi okuthiwa uyifihle esisefeni ekhaya.
- uNdumiso uyaboshwa.
- uNontobeko no no Mgidi bathungatha uMhlengi.
- uNgidi uqasha umseshi ozimele uShezi.
- Ukufa kwabantwana bakaXolani.

Uvuthondaba

- Ukutholakala kukaMahlengi. uNontobeko, uNgidi bayamangala ukubona le ntombazane enguMhlengi.
- Bonke bayakhala.
- Uxolani naye uyamangala uma efika ezwa ukuthi lo Mahlengi kanti ubeyindodana (uMhlengi) kaNgidi.

Isiphetho
Indaba iyaphela, iphela nokho uMahlengi / uMhlengi ehluleka yena ukuchaza kodwa iqiniso lonke selivelile. UXolani uphelelwa ithemba ngoba uhlukene nonkosikazi kwafa izingane manje nansi nendaba kaMahlengi. **[25]**

NOMA

UMBUZO 8: BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya (Umbuzo omfushane)

8.1 Wamangala. (1)

8.2 Ukubona uMhlengi eseyintombazane. (2)

8.3 Umseshi uShezi (2)

8.4 uNdumiso noXolani (2)

8.5 Wayengacabangi ukuthi bazomthola emva kokuthi eseziguqulile, futhi engabalindele. (2)

8.6
- Wacishe wazibulala ngokuziphonsa phambi kwemoto kaNkululeko.
- Ukubaleka ngosuku olwalandulela olomshado. (3)

8.7
- Ukulahlekelwa umndeni wakhe (izingane nonkosikazi).
- Ukushabalala kwamaphupho okuthi bangashada babenomndeni noMahlengi. (4)

8.8
- Ubudlelwane phakathi kwakhe noyise.
- Ukwesulwa kwakhe emafeni kayise. (4)

8.9 Ukufika kukaNgidi, uNomalanga noNontobeko ehhhotela likaMhlengi babelindele ukufica indodana kaNgidi uMhlengi kodwa bamfica uMhlengi, eseyintombazana enguMahlengi, kanti noXolani kuyammangaza ukuthi uMahlengi unguMhlengi indodana kaNgidi. (5)
[25]

NOMA

UMBUZO 9: USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi (Umbuzo omude)

Ukukhulu kodweshu

Umlandi uma ekhulisa udweshu kuyabonakala ukuthi ungusazi konke, wazi nezinto ezifihlekile.

Udweshu lususwa ukuthi uMirriam ozisebezela emakhishini eThusini eThekwini usewine iPick Six emahhashini. Udweshu lapho lusekutheni imali engaka uzoyenzani ngoba nesoka lakhe elingugenyeza linesikhwele ngendlela exakile, lokho okuwukuqala kwezinkinga.

Ukubhebhetheka kodweshu (Lubhebhethekiswa izigameko zikagenyeza evikela uMirriam.)
- uMirriam uhamba noGenyeza nodicey bayolanda isheke, uGenyeza udakwa uhluleka nokuhamba.
- uStiki utshela uMirriam ukuthi akachithe imali engamasenti emgwaqeni.
- Izintatheli zithatha izithombe zikaMirriam uGenyeza usho ukuziqeda ngewisa.

- Ukufika kwabantu bomshwalense nodokotela.

- Ukufika kukaChule ezenza umfundisi.
- Imizamo kaMeyili ubaba omncane kaMirriam noMaHadebe unkosikazi wakhe ukuthola imali kaMirriam.
- Ukufa kukaMahuzu bezozama ukubulala ngomuthi uMirriam.
- Ukuhamba kukaMirriam no Chule beya eMlazi.
- Izinkinga zikaMirriam emendweni wakhe.

Uvuthondaba

- Indaba isesicongweni, okusho ukuthi izinkinga zikaMirriam sezifike ekugcineni. **[25]**
- Uchule uzama ukubulala uMirriam kanti kuzofa yena. UMirriam useyakubona ubugebengu bukachule.

NOMA

UMBUZO 10: USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi (Umbuzo omfushane)

10.1 Ekhishini noma kwaDicey. (1)

10.2 UGenyeza Ntshangase (2)

10.3 UMirriam wayebhalelwe incwadi ethi afike ekhaya, akazange afike futhi akayiphendulanga. (2)

10.4 Wayegaqele imali kaMirriam ngoba ezitshela ukuthi imali ayiwinile ngeyakhe njengoba uyise washona. (2)

10.5 Cha, wayezenzisa ngoba wayenecebo ayelihlosile lokuthi imali kaMirriam igcine ibuyele ngakubona benoMeyili. (3)

10.6 UMirriam wakhulelwa, uMeyili wamxosha wathi ayosebenzela ingane yakhe. (3)

10.7 Yingoba uMirriam wayengenalo ulwazi olwanele lokuphatha imali engaka. Wayengumuntu wesifazane, osemncane, ongaganile ongenalwazi ngemali. (3)

10.8 Umuzwa oveza amandla, intukuthelo, ukudelela – ngoba wayengafuni ukwamukela imibono evezwa abantu besifazane. (3)

10.9
- Isigigaba sikaMirriam no Chule.
- UGenyeza no Mirriam.
- uMaHadebe no Mirriam.
- Abadayisi bomshwalense no Mirriam.
- USkiti no Mirriam.

(6)
[25]

NOMA

UMBUZO 11: KUNJALO-KE - ME WANDA (Umbuzo omude)

Indikimba yale noveli ingathinta lokhu okulandelayo:

Isala *kutshelwa sibona ngomopho/ iphika nkani lifela enkanini/umvundla ziyowunqanda phambili/umuntu ongalaleli ugcina esezinkingeni.*

Le ndikimba ibhekene nomlingiswa osemqoka onguDumazile. Ohlolwayo kuyomele abubone ubudlelwane balokhu nesizinda.

Isizinda masithinte lokhu okulandelayo:

Indawo
Ngokwendawo siyathutha. Sithuthiswa yikho ukungalaleli kukamlingiswa osemqoka. Isuka eMbumbula, eMlazi.

Inkathi
Yenzeka ngesikhathi samanje. Makuvele lokhu:
- Ukufunda
- Othisha bathandana nezingane zesikole.
- Amalokishi (uMlazi)
- Isifo sengculazi
- Ubugebengu obuhleliwe (umshwalense)

Isimo senhlalo
(ukungathembeki kothisha)
- uMoloi uthandana noDumazile.
- Ukudelela kwengane yesikole. (uDumazile akasakhuzeki uyakhulelwa)
- Ukulekelelana kwabazali ezinkingeni. (Baphelezele MaMkhize baya esikoleni)
- Ukungabi nesimilo kwabantu besifazane (uDumazile uqoma uSithole, uMaNzimande ugcina ezabane nomyeni wakhe.
- uDumazile uyafunda ugcina engunesi uthandana nomshayeli wama-ambulensi (uMtakaselwa Zuma bagcina beshadile.)
- uDumazile uphinde abonane no Moloi osewashonelwa ngunkosikazi ngenxa yengculazi baphinde batholane noMoloi.
- uMoloi noMtakaselwa babanga uDumazile.

Imiphumela yegciwane lengculazi
- uMvovozi Mkhize nonkosikazi wakhe bayashona.
- uMtalaselwa uyashona.
- uDumazile ugule kakhulu, ngaphambi kokushona. Ubiza abazali bakhe nabasemzini, uyaxolisa naye uyasona. **[25]**

NOMA

UMBUZO 12: KUNJALO-KE - ME WANDA (Umbuzo omfushane)

12.1 IZenzela High School (1)

12.2 Ukushela. (1)

12.3 Uthisha uMoloi wayefuna ukuba bathandane. (1)

12.4
- Wayecabanga ngeziyalo zabazali bakhe.
- Wayebona kuyihlazo ukuthandana nothisha ngoba wayemthathisa okomzali. (4)

12.5
- uLerato.
- uMtholephi.
- uSanele. (3)

12.6 Izimpendulo ziyokwehluka.
- Uthisha kumele afundise enze umsebenzi aqhashelwe wona.
- Izingane azizile ukuzoshelwa zizofunda.
- Uthisha abuke izingane njengezakhe (Okukodwa.) (2)

12.7
- Uqome wakhuleliswa uthisha uMoloi.
- Waqoma umnikazi wesitolo owayeshadile uSithole. Uthangana noMkhize ekushiseni isitolo sikaSithole ngenxa yemali yomshwalensi.
- Uqoma umshayeli wama-ambulensi ehlala noSithole.
- Uphinde uthandana noMoloi ogcine esemthelele ngegciwane. (namanye amaphuzu ahambisana nalawa.) (5)

12.8
- Iqiniso.
  Ngaphambi kokuba ashone wabiza umfundisi, abazali nomamezala wakhe wazovuma izono esexolisa. (3)

12.9 Abahlolwayo bangaveza lokhu:
- UMoloi no Dumazile.
- Dumazile no Sithole.
- Sithole no Manzimande.
- Dumazile no Mtalaselwa Zuma
- Dumazile no Mthothovu Mkhize. (5)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

ISIQEPHU C: IMIDLALO

UMBUZO 13: KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo (Umbuzo omude)

UMdaluli ungumlingiswa ohlulekayo ukubhekana nezinkinga bese ebanodlame. Lokhu kuguquka kwakhe kubangelwe ukudilizwa kwakhe emsebenzini kade evuke nephupho ayelixoxele uMbhebhezeli.
Uba nodlame:

(i) Lwasekhaya.
- Uhlukumeza unkosikazi wakhe uMaMlanduli.
- Uhlukumeza abantwana bakhe uze abaxoshe ekhaya.
- Uyaboshwa, uboshiswa uLondiwe indodakazi yakhe.

(ii) Udlame lokucwasa ngobuhlanga.
- Inzondo uMdaluli anayo ngoChivenga ngoba ethi umthathele umsebenzi wakhe.
- uMdaluli uhlangana no Mbhebhezeli nomkakhe bathakatha uChivenga.
- uMdaluli ulalela uChivenga unyendle uyamshaya.
- uMdaluli uyaboshwa.
- uMdaluli uyazisola esejele ubiza umndeni wakhe kanye noChivenga uyaxolisa ngezenzo zakhe.

(iii) Ungumlingiswa oguqukayo:
- Uthola umsebenzi uma esenemali uthatha iholide lokuya eSudan.
- Ukuzamazama komhlaba eSudan. Kusolakala sengathi noMdaluli wayelapho naye.
- uMaMlanduli uyacabanga ukuthi uma uMdaluli engahle athole ithuba lesibili lokuphila angabuya eseguqukile yini.

UChivenga uyiqili, uthatha imisebenzi yabantu bakuleli nezintombi.
- Ungumeselandi obiza imali encane.
- Ushela uHlengiwe intombi kaManqindi.
- Ukhokhela uHeshane imali ukuba amenzele ipasi elisha elizoveza ukuthi uHlengiwe useshadele esibongeni sikaChivenga.
- Ushada no Hlengiwe okwangempela.
- Uthakathwa ashaywe uMdaluli ngenhloso yokuziphindiselela.
- Uxolela uMdaluli ngezenzo zakhe. **[25]**

NOMA

UMBUZO 14: KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo (Umbuzo omfushane)

14.1 Yingoba uyise wayeshaya unina. (2)

14.2
- Londiwe.
- Khobephi.
- Nenelezi. (3)

14.3
- Ukwazisa abomthetho ubophise labo/lowo muntu okuhlukumezayo.
- Ukucela incwadi yesivikelo emaphoyiseni. (2)

14.4 Inkampani abeyisebenzela yabuyela phesheya kwezilwandle. (2)

14.5 Wacela unkosikazi wakhe ukuthi amkhulumele noLondiwe ukuthi asule icala. (2)

14.6 Kwakufanele.
ULondiwe wayesekhulile ewazi amalungelo abantu besifazane.
Engenakubekelela ukuhlukunyezwa kukanina. (3)

14.7 uMaMlanduli wenqaba ukuya ocansini ngenkani nomyeni wakhe. (3)

14.8 Walahlekelwa umsebenzi okumenza agcine esenodlame lwasekhaya kanye nodlame lokucwasa ngokobuhlanga. (3)

14.9 Makuvele lokhu:
Isehlakalo sikaChivenga ethatha umsebenzi owawusutholwe nguMdaluli.
Uyamshaya, uyamthakatha. (5)
[25]

NOMA

UMBUZO 15: AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa (Umbuzo omude)

Isingeniso
Kuthulwa umlingiswa osemqoka, isizinda kanye nesisusa sodweshu.
- Kuqala enkantolo eMshwathi, uZithulele omele uHulumeni utshela inkosi uSalimani (umlingiswa osemqoka) mayelana nodaba lokuklanywa kabusha kwemingcele.
- Uthukuthela kakhulu usalimani wathi uzotshela isizwe sakhe ngalokhu.

Umzimba
Ukukhula kwezehlakalo kuze kufike kuvuthondaba.
- Umhlangano wozalo lukaSalimani noZithulele ngalolu daba.
- Umhlangano wesizwe.
- Indaba iya kuSomtsewu eMgungundlovu.
- Ukubanjwa kukaMpiliphili ukuthi uyimpimpi kaMgqabuli.
- Isu likabhontshisi obomvu nomhlophe lokukhethisa abantu ukuthi bafuna ukwenzenjani. uMphiliphili usaqhuba ukuba yixoki.
- Ukulwa kwabantu bakaSaliman nabasemapulazini.
- uNomehlo imbongi kaSalimani iyaboshwa.
- uNomehlo ugwetshwa izinyanga eziyisithupha edonsa kanzima ejele, abanye bagwetshwa izinyanga ezing-3.
- uSalimani uphucwa izindawo zaseVimbingwenya, Mkhabela neyasMngeni zinikezwa uMgqabuli nabanye abanikazi bamapulazi.

Isiphetho:
Umdlalo uyaphela izinto zibuyela esimweni esidala.

- uSalimani udlulisela icala enkantolo yamajaji. Uyaliwina elomhlaba icala umhlababuyiselwa izindawo zakhe. Kuthiwa indawo ayikaze ibe indawo yabelungu futhi akuzange kubekhona ukubonisana ngalolu daba. **[25]**

NOMA

UMBUZO 16: AWUWELWA UMNGENI – Gcumisa (Umbuzo omfushane)

16.1
- uMgqabula.
- uMvovozi.
- noMehlwemamba. (3)

16.2 uSomtsewu no Nongejani. (2)

16.3
- Abantu bakaSalimani babeba imfuyo nezilimo.
- Imfuyo yabamnyama yayithelela imfuyo yabamhlophe ngezifo.
- Izinkunzana zabamnyama zazizalisa amathole abanikazi bamapulazi, uhlobo lwezinkomo olungasile. (6)

16.4 Waba nesibindi walidlulisela enkantolo enkulu yamajaji eMgungundlovu. (3)

16.5
- Babakha amathende.
- Izindlu zodaka.
- Uma bebuzwa ngezindlu zodaka bese bethi amatende ayanetha.
- Bese bakha izindlu zamatshe.
- Uma bebuzwa bese bethi zizosalela abantu. Emva kwalokho bengabe besahamba. (5)

16.6 Ukucaciswa kahle kwemingcele emidala nokuklama kabusha amapulazi abelungu akhelene nosalimani. (3)

16.7 Ngiyavuma.
USalimani nabanikazi bamapulazi bahambisana ezinkantolo futhi kulwa amabutho kaSalimani kanye nabantu basemapulazini. (3)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25

AMAMAKI ASEWONKE: 80